# BHEKA UVO LWAKHO!

**Isimemo sezethulo zomphakathi**

## ISichibiyelo SoMthethosivivinywa Wokulawulwa KoGesi [B23B-2023] Isig 76

IKomidi LoMkhandlu KaZwelonke LezokuHlelwa KaBusha KoMhlaba EzeMvelo, EzeziMbiwa Namandla Iimema abantu abanentshisekelo kanye nababambe iqhaza ukuthi bathumele imibono ebhalwe phansi mayelana Nesichibiyelo SoMthethosivivinywa Wokulawulwa KoGesi [B23B-2023] Isig 76.

UMthethosivivinywa uhlose ukuchibiyela uMthetho Wokulawulwa KoGesi, wezi- 2006, ukuze kucishwe, kulungiswe , futhi kufakwe izincazelo ezithile; ukuhlinzekela ukuqalisa uMthetho; ukuhlinzekela UMlawuli Wamandla kagesi ukuthi acubunguke izicelo zamalayisense kanye nokukhishwa kwamalayisense; ukuhlinzekela ngokuhoxiswa kanye nokwesulwa kokubhaliswa kwamalayisense; ukuhlinzeka ngogesi owengeziwe, namandla okuphehlwa kabusha kanye Nengqalasizinda kagesi; ukuhlinzekela ngokusungulwa , kwemisebenzi, namandla kanye nemisebenzi ye-Transmition System Operator SOC Ltd ngezindlela zokudluliswa; ukuhlinzekela kwenkundla yemakethe evulekile evumela ukuhwebelana ngogesi ngokuncintisana; nokwabiwa Kwemisebenzi, namandla kanye nemisebenzi ye-Transmission System Operator SOC Ltd kwi- National Transmission Company South Africa SOC Ltd); ukuhlinzekela ngokudluliswa kwamandla nemisebenzi; ukuhlinzekela ngokwamacala kanye nengezijeziso; kanye nokuhlinzekela ngezindaba eziphathelene nalokho.

Imininingwane kanye nezethulo ezibhalwe phansi, kungaqondiswa kuMnu Asgar A Bawa, WeKomidi LoMkhandlu KaZwelonke LezokuHlelwa KaBusha KoMhlaba EzeMvelo, EzeziMbiwa Namandla, kule-Imeyili: ElectricityRegulationAmendmentBill@parliament.gov.za

Usuku lokuvalwa lokulethwa kwezethulo nguMsombuluko, zingama-29 kuMbasa, wezi- 2024.

Amakhophi oMthethosivivinywa angatholakala kuMnu A A Bawa kule-Selula: 083 709 8530 noma kwi: www.parliament.gov.za.

**Sikhishwe ngu Nksz TC Modise, ILungu LePhalamende, uSihlalo WeKomidi LoMkhandlu KaZwelonke WeziFundazwe LezokuHlelwa KaBusha KoMhlaba EzeMvelo, EzeziMbiwa Namandla**